**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesibili)**

**ISIKHATHI: 3 amahora**

**IMIKLOMELO: 100**

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B, noC.
- Isigaba A umbuzo 1 uphoqelekile.
- Isigaba A umbuzo 2 khetha uphendule imibuzo emibili.
- Isigaba B noC khetha ubhale umbuzo owodwa kuleso naleso sigaba.
- Uma ukhethe umbuzo omfishane ku B khetha oyingxoxo ku C.
- Uma ukhethe oyingxoxo kuB khetha omfishane ku C.
- Makungaphendulwa imibuzo emibili encwadini eyodwa.
- Ukubhala ngobunono nokuhlela kahle umsebenzi kuyaziswa kakhulu.

---

## ISIGABA A
### UMBUZO 1
### IZINKONDLO

***Ithunga Likanondlini* – L.B.Z. Buthelezi**

Lo mbuzo uphoqelekile.

1.1 Funda le nkondlo elandelayo, bese uphendula imibuzo engezansi.

**13 UMCULO**

Sithebe sentokozo
Uyizingxabo zokuzimelela umphefumulo.
Uyisisusa sentokozo empilweni
Uyisinyathelo sokungikitaza
Emongweni wezibilini.

Kanti ulihlaya lamancoko
Angunaphakade emoyeni.
Uyimbiza eqhilika inhlese
Ukuphelela kwethemba lamagagu
Ngempela uyingqothovu
Egoqozwe ngephini lekhethelo.
Uyingcwenga ecwengwe kahle iphiliba.
Wehle ngesiphundu kwaba kuthi ngqa!

1.1.1 Nikeza umqondo osobala wale nkondlo. / Amaphuzu makabe mathathu. (3)

1.1.2 Chaza la magama alandelayo:

a) isithebe. (1)
b) amancoko. (1)
c) ukwehla ngesiphundu. (1)

1.1.3 Shono inhlobo yemvumelwano esigabeni sokuqala ukhiphe nesibonelo. (2)

1.1.4 Moya muni esiwuthola kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)
**[10]**

## UMBUZO 2

***Imvubelo* – A M Maphumulo**

Phendula imibuzo EMIBILI vo kulo mbuzo.

2.1 Funda le nkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

**KWELAKITHI**

**– B.F. Ngema**

Lezo nsengwakazi ezibhonsayo
Kuphose kugqabuk' iphimbo
Zenanelw' ukukhala kwamandekane;
Okuzwa kunyant' igazi;
Kuyangitshela, lapha kukwelakithi
Kweleyami inkaba.

Lolo nyelel' olufinineka phakathi
Kwezihlahlan' ezimboz' amaqele,
Kuhle komoya womngenela,
Lungifice ngiphumule kwelami,
Ilawu lotshani nodaka,
Luphele lonk' usizi.

Ngiphumel' emnyango ngokuguqa,
Ngikhangw' amadlel' aluhlaza,
Ezansi namafindo zintaba
Ngibone abakhapheyana bezalukisa ,
Izinkomo, izimbuzi nezimvu
Lapho-ke kukwaMalandela.

Ngenhlazane laph' imvelo
Isihlobe ngakho konke,
Ngiduduzw' ikakhulu yileyo
Mibhonso yezinsengwakazi
Nemizwilili yezinyonyana zehlobo,
Okuhlangana kwenz'umpe lothando.

2.1.1 Shono izinto ezimbili ezenza ukuba imbongi ibone ukuthi ikwelakubo. (2)

2.1.2 Nikeza amagama amqondofana nalawa angezansi atholakala esiqeshini senkondlo.

a) Abakhapheyana. (1)
b) Insengwakazi. (1)

2.1.3 Kukuphi kwaMalandela? (1)

2.1.4 Iphumula kuphi imbongi? (2)

2.1.5 Moya muni esiwuthola kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (3)

2.1.6 Sifenqo sini esiqukethwe yilo mugqa? Usho ngani?

"Ngenhlazane laph' imvelo,
Isihlobe ngakho konke" (3)

2.1.7 Nhloboni yemvumelwano etholakala esigabeni sesithathu? Nikeza nezibonelo. (2)
**[15]**

**NOMA**

2.2 Funda le nkondlo elandelayo, bese uphendula imibuzo engezansi:

Amagalelo enu angifak' ugqozi,
Ziyofa izinsizwa
Kuyosal'izibongo.

Sisakuzwa ukubhonga
KoBhambatha kaMakhwatha,
Othathwe yinkunzi
YaseGcotsheni,
Yamsusa phansi
Yamkhipha phezulu.
Ngambon' esemi
Phambi kwam' igqonono,
Esho ngengila eyiphaka:
"Phambili maqhaw' amakhulu!"[1]

Ngikuzwil' ukulandwa komlando
Dhlomo, usilondolozela umlando,
Usuk' eLembeni udiya ngoDinuzulu,
Luphelekehle lwakithi kwaZulu.

Khala nkomo yendlw' emnyama,
Wen'ongasoze waya ndawo..

2.2.1 Nikeza isihloko sale nkondlo. (1)

2.2.2 Ngokwakho ukucabanga, kungani imbongi ibabiza ngezinkunzi ababhali bezincwadi zesiZulu. (2)

2.2.3 Landa ngomqondo osobala otholakala kule nkondlo. (3)

2.2.4 Kuchazani lokhu 'Ziyofa izinsizwa, kuyosal' izibongo'? (2)

2.2.5 Bhala inhlobo yemvumelwano esendimeni yesibili, sekela ngesibonelo esifanele. (1)

2.2.6 Nhloboni yesifenqo esiqukethwe yilo mugqa? 'Khala nkomo yendlw' emnyama wen' ongasoze waya ndawo' (1)

2.2.7 Yini isangquma ngokuya ngenkondlo? (1)

2.2.8 Yimaphi la magalelo imbongi ekhuluma, ngawo? (1)

2.2.9 Moya muni esiwuthola kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (3)
**[15]**

**NOMA**

2.3 Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo ezolandela:

**LAFA SILIBHEKILE**

– K.B. Hlongwane

Wuwe nkece wuwe,
Wuwe magan' edlula,
Wuwe litshe lomnqakiswano,
Wuwe lukhamba lomjikelezo.
Bakuthatha uthatheke,
Bakuphonse le nale uvume.

Umuhle uyacwazimula;
Uyakhanga unewozawoza.
Uma nginawe ngizwa ngiphelele,
Uma nginawe ngizizwa ngisimeme,
Kanti ngisimamiswe wukulutheka,
Ngomzuzwana kimi uzob' ungasabonwa,
Ngomzuzwana ungasafaniswa nakufaniswa.

Ngakweshela ngomdlandla,
Weza kimi sethembisana,
Kanti ngamadlingozi esikhashana,
Kanti wukuthatheka komzuzwana.
Zeza izivunguvungu neziphepho,
Zafika ngamandla wazamazama,
Wagunqagunqa sakuzabazabalaza,
Ngokucwayiza wawungasekho

2.3.1 Nikeza umqondo ojulile wale nkondlo. (3)

2.3.2 Yini inkece? (1)

2.3.3 Ngowakho umbono, kungani imbongi ithi 'inkece yitshe lomnqakiswano'? (2)

2.3.4 Ichazani imbongi uma ithi 'Ngomzuzwana kimi uzob' ungasabonwa'? (1)

2.3.5 Kungani imbongi ithi "Uma nginawe ngizizwa ngiphelele, ngisimeme"? (2)

2.3.6 Esigabeni sokuqala kunezinhlobo ezimbili zokuxhumana. Shono izinhlobo lezo uphinde usekele ngezibonelo ezifanele. (4)

2.3.7 Yini ukulutheka? (1)

2.3.8 Ngokuzwa kwakho inkondlo, ngonjani umuntu ongumagan' edlula? (1)
**[15]**

**NOMA**

2.4 Funda le nkondlo elandelayo, bese uphendula imibuzo engezansi:

**YISINQIBI**

– A.M. Maphumulo

Ngazibona zigazuk' izindebe zakhe,
Zidebezeka kungathi bezidebezwa ngenhloso,
Zadebezeka zanemifantu echinc' igazi,
Amehlo ayigazi eshone phakathi,
Kwanga ayedonswa ngenhloso,
Isisu saboshwa ngemivingqo yezintambo;
Ngezimbamb' ojahidada bafund' izibalo,
Izandla zibambene ngoxolo lwemfuno,
Izinwele ngamadlodlombiya ziyimibala yezingubo;
Ngathula ngambheka wangibheka sabhekana,
Wangibheka ngayigazi anezinyembezi zegazi.
Nkosi, anginalutho ngingamsiza ngani?
Uma lezi zehlo zingenxa yami,
Ngicela ukuvalelw' amasang' okuphila.

2.4.1 Nhloboni yenkondlo lena? Usho ngani? (2)

2.4.2 Moya muni esiwuthola kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (3)

2.4.3 Chaza ukuthi isinqibi ngumuntu onjani? (2)

2.4.4 Uma umuntu enezindebe ezidebezekile kusuke kwenzenjani? (1)

2.4.5 Nhloboni yesifenqo esiqukethwe yilo mugqa futhi sichazani?
"Amehlo ayigazi eshone phakathi." (2)

2.4.6 Ngobani ojahidada? (1)

Pheqa ikhasi

2.4.7 Ngezinjani izinwele ezingamadlodlombiya? (2)

2.4.8 Yini imifantu? (1)

2.4.9 Ngokuzwa kwakho inkondlo, yimaphi la masango okuphila imbongi ekhuluma ngawo? (1)
**[15]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

## ISIGABA B

### UMBUZO 3
### UMDLALO

***Ngiwafunge Amabomvu* – L. Molefe**
Phendula umbuzo OWODWA kulesi sigaba.

3.1 Lo mdlalo usethulela isifundo esithi uthando oluphoqelelwayo alubi yimpumelelo. Xoxa ubhekise kulaba balingiswa: uThulisile noMgidi. **[30]**

**NOMA**

3.2 Funda lezi ziqeshana zozimbili bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Isiqeshana A:**

MSANKA: *(Ngezwi eliphakeme.)* Zaba, yini? Kwenzenjani manje? Isigijimi senkosi asikafiki namanje ukuzokulanda, sekuze kufika mina ngigugile nginje, ngingasakwazi nokuhambela phezulu?

ZABA: Sifikile baba isigijimi leso.

MSANKA: Yikhona usazophuma pho uye koMkhulu, sekuze kwafika mina lapha? Ucabanga ukuthi inkosi izothini ngale nto eniyenzayo yokubamba niyeka manje? Asishongo yini isithunywa ukuthi udingeka ngokushesha?

ZABA: Sishilo baba.

MSANKA: Pho wenzani manje? Uhlomelani ngoba akukho muntu othe nizophuma impi?

ZABA: Baba, nawe ngibona sengathi awuyiboni inhloso yenkosi ngalokhu kungibiza kwayo.

MSANKA: Habe! Nangu uZaba ezenza umuntu engimqabukayo bo! Yini obona ukuthi ihloswe yinkosi ngokukubiza kwayo?

*(Kungene uMaGubeshe.)*

MAGUBESHE: Hhawu baba, sewuze wafika, yelekelela.

MSANKA: MaGubeshe, uZaba angimazi ukuthi ungenwe yini. Yimina engaziyo ukuthi inkosi imfunelani, kodwa nguyena otshela mina ukuthi ufuna ukungichazela ngenhloso yenkosi. Kwenzekani lapha ekhaya?

MAGUBESHE: Baba, uZaba usibophele ensikeni ngentambo isithunywa senkosi laphaya exhibeni.

3.2.1 Bakuphi laba abakhulumayo? (1)

3.2.2 Chaza kafushane isizathu esenza ukuthi uZaba ahlome. (3)

3.2.3 Empeleni iNkosi imbizelani uZaba? (2)

3.2.4 Ngenkathi ehloma uZaba sabe sikuphi isithunywa senkosi? (1)

3.2.5 UZaba uthi iNkosi iyimbangi yakhe. Ingabe uqinisile? Sekela impendulo yakho. (2)

3.2.6 Ngubani lona azofika aqale ngaye ukuhlasela uZaba uma efika koMkhulu? Kungani ezoqala ngalowo? (2)

3.2.7 Ngubani uMaGubeshe? (1)

3.2.8 UMsanka nesithunywa bagcina sebehilizisana. Yini imbangela yalokho? (3)
**[15]**

**Isiqeshana B:**

KHONZENI: *(Esholo phansi.)* Bakithi, Thulile, ngicela ukuthi usizamele ukuthola umuntu ozoluxoxa naye lolu daba, umtshele ukuthi sesehlulekile thina. Yimbi le ndaba uma iqhubeka kanje.
THULISILE: Ngibizeleni yena lowo muntu enimethembayo ngimtshele ngingakasithathi nje isinyathelo esizobavula imiqondo bonke abantu ngale nto engiyiyona nengiyishoyo. Angimgani mina umuntu ongangeshelanga.
THULILE: Dadewethu, kungcono siyiyeke le ndaba, ayikho le nto oyishoyo. Ayikho. Uziqhatha nesizwe uma wenzenje. Usifaka engozini sonke. Thula nje, yeka ukukhuluma manje.
THULISILE: Yimani, phela ngeke ngithule mina ngoba ngikhuluma into engiyaziyo. Yinina okufanele nithule ngoba niyesaba. Niganile, angithi? Mina ngeke ngikumele ukuthi ngizokomela emsingizaneni njengentethe ngingadli ngoba kufanele ngicabange ukuthi uthando lomuntu engingamfuni luzofika kanjani.
NOKUFIKA: Uzobulawa Thulisile.
THULISILE: Ngingamane ngife!

3.2.9 Ngokwazi kwakho indaba, yiluphi lolu daba okumelwe luzoxoxwa? (2)

3.2.10 Yini eyayenziwa uThulisile, eyabe ibonisa ukuthi akayifuni iNkosi? (2)

3.2.11 Bhala igama lesoka likaThulisile. (1)

3.2.12 Ngokwakho ukwazi, yisiphi lesi sinyathelo esizothathwa nguThulisile? (2)

3.2.13 Babezongena kanjani engozini oThulile nezinye izimpelesi ngaleso sinyathelo? (2)

3.2.14 Ngubani impelesi kaThulisile? (1)

3.2.15 Yayenzani impelesi kaThulisile ukufihla ezinye zezinto ezazenziwa nguThulisile ezabe zibonisa ukuthi akayifuni iNkosi? (1)

3.2.16 UThulisile ubonakala engumuntu onenkani, ngabe inkani yakhe yamsiza? (2)

3.2.17 Ngubani uyise wamawele? (1)

3.2.18 Ngubani lo muntu ongameshelanga uThulisile. (1)
**[15]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [30]**

## ISIGABA C

### UMBUZO 4
### INOVELI

***Isigcawu Senkantolo*** **– M.M. Masondo**

Phendula umbuzo OWODWA kulesi sigaba.

4.1 Umndeni kaKubheka uzithola ususenkingeni ngenxa yamaphutha enziwa nguye uKubheka. Xoxa ngezigameko ezifakazela lokho kuleli noveli. **[30]**

**NOMA**

4.2 Funda lezi ziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Isiqeshana A:**

"Umlisa lona naye uphinde sona isililo sikaMhlobo sokuthi uMhlobo uzame ukumkhohlisa. Uthe babefune inkulungwane namakhulu amahlanu amarandi kuDuduzile, kepha uMhlobo wakushintsha lokho wenza izinkulungwane ezintathu ngaphandle kokuba bavumelane kulokho. Uthe lokho uMhlobo wakwenza ngoba azi ukuthi imali izofikela ezandleni zakhe bese ekhipha inkulungwane namakhulu amahlanu engakawaboni yena," kuchaza uKubheka.

Wathi ukuba ezwe lokhu uNgubane, waqhuma kakhulu ngohleko. Lolo hleko lwammangalisa uKubheka ukuthi lusho ukuthini. Wabuye walunqamula lolo hleko lwakhe uNgubane. Wabe esebuza ethi, "Kwabe sekwenzekani ukusuka lapho Khathide?"

"Kube ongaphansi nongaphezulu phakathi kukaZethu nalo mlisa kubangwa imali." Athi ukuthula kancane uKubheka esadonsa usigazu wakhe, "Kanti kwenzeka konke lokhu nje, uZethu uphethe isibhamu. Wabe useyasikhipha. njalo uZethu isibhamu esikhwameni. Wakhomba ngaso lo mlisa ethi makaphakamise izandla."

4.2.1 Uqinisile yini umlisa lona uma ethi uMhlobo nguye oshintshe imali? Usho ngani? (2)

4.2.2 Ubani igama lomlisa owalwa noZethu? (1)

4.2.3 Kwabe kuyini inhloso kaZethu yokukhomba lo mlisa ngesibhamu? (2)

4.2.4 Babekuphi oZethu nalo mlisa ngenkathi uZethu emkhomba ngesibhamu? Babeyokwenzani lapho? Chaza kafushane. (2)

4.2.5 Ngubani uNgubane lona okhuluma noKubheka? (2)

4.2.6 Kungani uZethu wabe ezimisele ukuyikhipha yonke imali ebizwa ngamaqola? (2)

4.2.7 Chaza kafushane okwagcina kwenzekile ngoZethu nesibhamu. (3)

4.2.8 Nikeza igama lendodakazi kaZethu. (1)
**[15]**

**Isiqeshana B:**

Izindaba zokuboshwa kukankosikazi Kubheka zabhebhetheka ngamandla. Amaphephandaba athengwa ubuthaphuthaphu. Nebala lwafika usuku lwecala. Ngosuku lwecala yayigcwele inkantolo yasemajajini iphuphuma. Kwakugcwele kwaze kwagcwala ngisho imigwaqo eyakhelene nenkantolo.

Amaphoyisa omgwaqo asebenza esebenzile evimba izimoto ngoba kungahambeki. Kwakugcwele abomsakazo, umabonwakude, amaphephandaba kanye nezicukuthwane ezithile.

Kwathi kusenjalo sezwakala isikhonzi senkantolo, "Ukuthula enkantolo! Ukuthula enkantolo U-ku-thu-la- enka-ntolo-o-o-o-o! "

Nangempela wathula umsindo, lase liyasukuma ijaji, "Lapha sihlangene ngecala lokubulala elibekwe uZethu Kubheka," lisho lishaya isikhwehlela kancane ijaji.

4.2.9 Wayeboshelweni uNkosikazi Kubheka? (2)

4.2.10 Ngubani ummangali kuleli cala? (1)

4.2.11 Umdwebi wayethula imidwebo yakhe kodwa wehluleka ukwethula okuthile, yini leyo angayethulanga? Kungani? (2)

4.2.12 Bhala amagama abantu ababili abamele uHulumeni kuleli cala. (2)

4.2.13 UJikeleza wenza msebenzi muni? (1)

4.2.14 UJikeleza wayemazi uMhlobo ngabe wayemazela kuphi? (2)

4.2.15 Yiwaphi amacala amabili ayeke aboshelwa wona uMhlobo. (2)

4.2.16 Yisiphi isinyathelo esathathwa nguJikeleza emva kokuthola isidumbu sikaMhlobo esikebheni? (2)

4.2.17 Wayebulewe ngubani empeleni uMhlobo? (1)
**[15]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [30]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 100**

**ISIPHETHO**